

USARS ne-DTIC baqale ukukhiphela izisulu zezikhukhula eKZN ezihlala ezindaweni zokukhusela izingubo zokugqoka nezicathulo

Tshwane, 2 kuLwezi 2022 – Isinyathelo lapho uPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) noMnyango Wemboni Yokuhweba Nokuncintisana (i-DTIC) ngokubambisana nezamaBhizinisi nemiSebenzi sokunikela ngenqwaba yezingubo zokugqoka, izingubo zokulala, kanye nezicathulo obekuboshiwe kuzisulu zezikhukhula KwaZulu Natali, sesingene esigabeni sesibili. Lokhu kubandakanya kunikela ngezingubo zokugqoka nezicathulo kulabo abayizisulu zezikhukhula.

Uhlelo olwaziwa nge-*Project Sizani* (We all Help), lwaqala ukusebenza kahle emva kwesimemezelo kwesimo senhlekelele esenziwa nguMongameli Cyril Ramaphosa ephendula ezikhukhuleni ezenzeka e-KZN ngenyanga kaMbasa kuwo lonyaka, okwaphazamisa lesi sifundazwe, zibulala abantu abangaphezulu kwamakhulu amane, 400, zadicilela phansi imizi engaphezulu kweyizi-8 500. Ezinye izingxenye zezifundazwe i-Eastern Cape, North West ne-Free State nazo zacekeleka phansi ngenxa yezikhukhula zangoMbasa.

“Yize umklamo uhlose ukunciphisa ukuphazamiseka kwalabo abathikamezekile, uphinde uhlokelwe ukubuyisa isithunzi kulabo abasala beze ngenxa yenhlekelele. Phezu kwakho konke, ubuntu yibo obenze ukuthi senze lokhu,” kusho uMnu. Patrick Moeng, Oyisikhulu: soPhiko Locwaningomabhuku Olugxile Ekuphenyweni kwamacala: uMnyango Wobugebengu Bentela Nokulawulwa Kwempahla Emngceleni kwaSARS, nohamba phambili ku-*Project Sizani*.

Uhlelo lubandakanya ukuhanjiswa izigidi zenqwaba evela ezimbonini (ze-CTFL) zezingubo zokugqoka, izindwangu, izicathulo nokwesikhumba okukhona okwakushaqwe uSARS kusukela kowezi 2018, obekuyizinto ebezizoshatshalaliswa ngokuhambisana noMthetho Wehhovisi Elilawula Impahla Emngceleni, uMthetho 91 wezi-1964, ophethwe uSARS, kanye nesivumelwano sangowezi-2009 nesangowezi-2020 ze-NEDLAC, okuthi izimpahla ezibanjiwe kumele zishatshalaliswe ukuze kugwemeke ukuphazamiseka emakethe yaseNingizimu Afrika.

Ngesigaba sokuqala, esaqala kuNhlanguvana kulo nyaka, ukunikela ngezingubo zokulala kwaqala eKZN, ngenxa yesidingo esiphuthumayo emva kwezikhukhula zangoMbasa, lapho abasinda ezikhukhuleni besahlala emahholo omphakathi (la bekhosele khona).

Isigaba sesibili sona sibandakanya ukunikela ngezingubo zokugqoka nezicathulo kuzisulu zezikhukhula ezihlonziwe komasipala bezifunda abahlukene bezifundazwe i-KZN, i-EC kanye ne-NW. Kuyinqubo ebucayi ngenxa yokuthi bekumele kucutshungulwe ngokucophelela izinto ezizonikelwa.

Ukusebenza ngokubambisana

Ithimba Lokubusa Elijutshiwe (GTT) elinamalungu akwaSARS, akwa-DTIC, e-Organised Labour nemboni ye-CTFL yilo elinomthwalo wokwenza lo mklamo, yize abanye ababamba iqhaza bedlala indima ebalulekile ekwenziweni kwalo mklamo kuyilaba iKomidi Likazwelonke

Eliphethe Izinhlekelele (i-NDMC), uMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi (i-DSD), kanye namahhovisi oNdunankulu ehlukeni ezifundazweni ezithikamezekile. Phezu kwalokho, ukubandakanyeka kwamaBhizinisi nezemiSebenzi njengababambiqhaza abahamba phambili, kuyisidingo kuzo zonke izigaba zomklamo, ukuqapha izinqubo nokuqinisekisa ukuthi ubungozi obungase bulimaze ibhizinisi lakuleli buyanqandeka.

Kuze kube namuhla, zingaphezulu kwezi-28 000 izingubo zokulala ezihanjiswe kubantu abathile ezindaweni ezilinganiselwa kweziyi-174 KwaZulu Natali.

Isigaba sokuqala saseKZN (ukwabiwa kwezingubo zokulala) yiso esaphendla indlela yokuqaliswa kwesigaba sesibili salo mklamo: okuyinqubo ebucayi kakhulu futhi eqashwe ngamehlo okhozi njengoba izicathulo nezingubo zokugqoka kugogwa kupakishelwe umuntu ngamunye kulezi zindawo abakhosele kuzo ngaphambi kokuba zidluliselwe ukuba ziyokwabiwa.

Lesi sigaba sesibili somklamo siyaqhubeka eKZN emva kokuhlola ukusebenza kwaso ezindaweni ezimbili zokukhosela ezise-Inanda kanye neyodwa ese-La Mercy nokusinike ithuba lokuthi sikwazi ukuthuthukisa futhi silungise le nqubo.

Ngokusho kukaMnu. Moeng, ziyizi-25 698 izingubo zokugqoka ezinikelwe ezindaweni zokuqala ezingama-31 kwezingama-74 eziseKZN. Ukupakishwa, ukuhlukaniswa naokwabiwa okwenziwa ezindaweni zokukhosela kuyaqhubeka njengoba izimpahla zilokhu zifika zivela eGauteng, ngokulekelelwa izinkampani eziningi ezilule isandla ngokulekelela ngokuthuthwa kwalezi zimpahla ziyiswe lapho kuhlonzwe khona isidingo.

Umklamo kubhekwe ukuba uphothulwe ekupheleni kukaLwezi 2022 lapho okuzolandela khona i-Northwest ne-Eastern Cape belandela ezinyathelweni ze-KZN.

Ngemibuzo, sicela uxhumane ne SARSMedia@sarss.gov.za.